Ezase Camperdown.

(NGU SHIKILISA:)

Ukuhlupeka kwabantu behlushwa izimiso zeNatives Land Act zisaloku ziziningi njalo lapa. UMuzifile Miya oxoshwe ngu Mr. John Fell, ugale wahlupeka ngenxa yokuba esa inkomo eziningi, waswela indawo yokuya engazibeka kona ngenxa yokuba engakayitoli indawo, futi kungavunywa uma zisuke endaweni ka Mr. Fell, ngoba ipulazi lika Mr. Fell lakelene nelinokufa. Izinkomo lezo zingu 20. Ute uma eti ukuba uMr. Fell aziyeke zihlale zona ke zodwa epulazini yena ahambe, nabantwana bake ahambe ecashisa ikanda kubahlobo bake, umlungu wati kulungile uma ezotela 1s. ngenyanga ngenkomo, abuye atelele i dip. Ngenxa yaloku wazitengisa zonke izinkomo uMiya. Ute eseyitolile indawo yokuba ake kuyo, sekutunyelwe isicelo, kwatiwa leyondawo acela kuyo akuyona iNative Area. Kuyisimangaliso esikulu ukuba njalo izimiso zeNatives Land Act zihanjelwe pambili. Sekutiwa lendawo lapa uMiya ebecela kona indawo akuyona nje iNative Area neReport yeCommission ayikabiko, kodwa abantu sebehlushwa ngapambi kwayo. Obecele kanye noMiya uSwelaboya Tshange, epulazini linye, naye kwaliwe kushiwo kona ukuti indawo leyo akusiyo iNative Area. Kwaliwa njalo akushiwo nokuti abenze njani, loku naku sekuyisikati s o k u l i m a. Okukuti baqutshelwa endhleleni ngonyaka ozayo, kepa kwenziwa uyena uLusibalukulu. (Sizosho njalo pelà tina; ngoba kutiwa izicelo lezi ziya kuyena).

—:o:—

Ngite uma ngilandisa omunye ngento eyenziwe kuma Cannons aseInanda M. S. ibandhla leCoast Native Football Association, wati:- "Hawu, banomhobhoyo." Impela uma kukuti kuliqiniso ukuti kutiwe ababuye badhlale futi nama Vultures. kuliqiniso ukuti i Association ayinayo imiteto kodwa iquba ngezingqondo zayo nje, ukuba iti into beyimisiwe ibuye ibhidhlizwe ngoba iclub etile itanda kwenziwe okutandwa yiyona. Uma kungatandeki adhlale kule Association akusale sekushiwo yini ayeke? Kwaba ingo 1913, kwati ngoba umfo ka Nxaba elibuyisa kube mnyama amehlo ku right wing, eliponsa koSikewukewu beno Koyosha ku left wiiig,—ngisho awo Zaccheus Msomi noMuzi Gwala njalo—beti abenze kabi amaShooting Stars; libuya kabi emuva koJani Bhanyana noLobi—ngisho awo J. B. Mcunu na Rob. Msomi njalo—asuke amaShooting Stars ati awo Messers. Nxaba noMcunu aknsibona abase Nanda, ngako abangawadhlaleli ama Cannons, yasuke lenhlangano, enabantu abenza okubi ngabomu, yavuma. Yiko, loku izinhlangano zabantu zingacumi nje ngoba kuba kona izikati lapa kuye kwa imiteto emisiweyo ngabomu, kwenziwe okwemixwele yalabo abasuke betnnjwe ngezikundhla. Kodwa yena uGqayinyanga utini kuloku? Ake ubhule pela silwane sikamhlola, usitshene ukuti kwenziwa yini loku ukwenza okunjena!

Banyamana mbana lababafana baka Lindhlini okama nge hleza abanye bekama ngekama, ngimfunge uNomo!

—:o:—

Kuzwakala sengati kuqalwe enye iClub ngalapa, eGeorgedale, kodwa igama layo angika lizwa kahle, ngoba ngite uma ngibuza ukuti kuseyiyo yini "Umnqadodo Defenders" Club, bati ca; ngati uma ngibuza ukuti i "Georgedale Defenders" yini, bati ca. Ngoba naku abasi tsheni ukuti kutiwani igama lalo sesizoti "Kwazikwabo" Club, namhla, size sizwe igama lalo. Beliyodhlala nabe Sutu eHarrismith. Sizwa ukuti abe "Kwazikwabo" babehlule abe Sutu. Uyejabula owayekona owezwa ukuti baye batini abaka Mshweshwe uma sebebizelana yena unobhutshuzwayo enkundhleni? Pela abaseinabili amaclub eFootball eGeorgedale; bekuyi "Umnqadodo Defenders," iCaptain yayo obeku Mr. Ndhlovu; kuyi "Georgedale Defenders" emalungu ayo esahlakazekile, esekusebenzeni; leli ke eli qalwe busha namhla, engite ngizoti u "Kwazikwbo" bengingakalazi igama lalo. namalungu alo. "Umnqadodo" lo uke wazibonakalisa eMgungundhlovu kwi Association ye Midlands ngalonyaka, into epambili owapumelela ngayo "Umnqadodo" ukuba ube negama ku Association, ingoba ubu tola pakati kwe 8 ne 6 goals to nil. Bebejayele futi amalungu awo ukuba ulishaya pansi izwi uma uya kona eMgungundhlovu, ngelinye ilanga ufunise bebatatu nje enkundhleni kunobhutshuzwayo. Ne uniform yabo yayimnyama njalo, osekusobala namhla ukuti babesuke bezilela kona ukwahlulwa loku.

—:o:—

Obesovakatshele eGeorgedale epuma ewake, uMrs. R. Ngidi, wase Bulwer, indodakazi ka Mr. B. Nyembezi, wase Georgedale, enkulu.

INTO YOKUPEPELA.

Isirudo segazi siyavama ukuba singelapeki ngalenyanga. Njaloke hlala uhlomile, iChamberlain's Colic, Cholera, ne Diarrhoea Remedy, auze ungeluleka. Iyo'nto yokuba umuntu apele kuyona. Utengiswa yibo bonke.

Ukubonga Ilanga Lase Natal.

"KU MHLELI WE LANGA"

Mngane,—Ake ungipe isikalana lapa epepeni lako, kengiti fahla nje ngaloku enginako. Ngomusa nangokutula, ngiyanibingelela nina nonke bafundi be "Langa Lase Natal."

Ngi nokubonga okukulu ngokutola kwami intunja netuba lokwamkela "Ilanga" masonto onke. Ngoba pela mina noma ningibona nje, kukude ezwé ui lakiti, pesheya kweMfolozi, lapo sezihlangene isinyenje, lapo iyakungena olwandhle, isihlangana necweba okutiwa "iSt Lucia Lake," kwaZulu, Via Somkele, Hlabisa.

Impela imbila iswela umsila, ngokubonga enginako engikutole eLangeni Nami engiti jabulani nitokoze, ngokuba senizokuzwa ezakwaZulu izindaba. Uma iNkosi uJESU engakabuyi ukutata umbuso wake, ati uSatane acitwe k nye nombuswana wake. Ati uJESU abuse izizwe zonke—ngantonganye.

Lapa kwelakiti busa gunyile ubumnya ma ukukanya akukafiki, nati nje lapaesiti sipete izimbhaqa, siti siyabasa umlilo wokukanya pakati kuka Mpukunyoni wonke ongapesheya kweMfolozi nepesheya ko Mkuze, kwesika Njumbane umfowabo ka Sibonda, abafo baka Mgongobayi Inkosi yaKwambila. Ivangeli lisa hamba ngobuluknni zonke lezi ndawo. —Njengoba ngisho no Mongameli—Rev J. L. Dube wake wahamba kwelakiti etokote ukumbona uMngwanaza Inkosi yase nyakato, wase buya endhleleni, konake wase cezukela eMakowe Bible Training School, walalá kona, wahamba lonke kabonanga ndhlu yakolwa (believer) kupela eLansdowone M. S. naMakowe M. S. ngapandhle kwase Mount Tabor M. S. ngapesheya kwe St. Lucia Lake (ICwebani).

Ngi yabonga Ilanga, nokubingelela. Tetelela ukwelula kwami—Mhleli.

STEPHEN G. MBUYAZI.

(KU MHLELI WE "LANGA")

Mngane,—Ngicela isikala ngazise abafundi bako ngobuhlungu enginabo. Sengineminyaka elishumi nantatu mina ngipete umsebenzi weNkosi kepa ngi ngapiliswa ngaluto. Kodwa noko yona inhliziyo yami yayingebuhlungu ngako, into kwaku ukukalela uhlobolwa kiti, engaze ngati ngako ngacela indawana kumlungu weplazi ukuba ngake indhlu yokuba sisontele kuyo. Balake umlungu wangivumela ngayaka. Nyakenyengibuye ngaya kuqala omunye umse be nzi futi ePilgrims Rest. Angivumela amadoda akona. Ngati kumfundisi kaye kucela kumpati wenkomponi. Wapendula ngokuti abavumi abapati. Ngabona ukuti kavumi, ngasa ngiya ziyeka mina. Bangivumela. Kwatike ngabuye, ngaya kuye ngoAugust ngati kuhle siye kubona umsebenzi. Wangipendula ngokuti, uma ngifuna ikalishi lokuya kona kwoba kulungile. Ngalifuna ngalitola. Saya naye kona. Wafike wamukela abantu abangama shumi amabili ebandhleni. Ngasemva ngati kuye uyafuneka ebandhleni lase Krugerspost. Wapinda lona elokuqala wabiza ikalishi kimi. Kwase kuba ukubuya kwami ngibuza kuye ukuti benziwa yini bona abamhlope bade beleka imitwalo emahlombe etu. Manje usepinda okwesibili ebiza lona ikalishi kimi. Ngampendula ngokuti umsebenzi wevangeli usetshenzwa ngotando. Mina anginikwa nahembe lodwa leli. Po uma utando lungeko masifunelwe omnyama. Ulukuni wona umsebenzi weDutch Reformed Church. Ngikuluma nje akuko sikole eLeydenburg, Randfontein, eManzimhlope nakwezinye izindawo. Ngicela ukuba nisikulekele, bakiti.

SAMSON MNIS.

Ubuhlumngu emhlane.

Ungakatazeki ngobuhlungu obusemhlane kuwena. Ukukatazeka kwako ikona okuyo kwenzela ingozi nobuhlungu. Izinso zona azivami ukwenza umhlana ube buhluugu loko kuvama ukwenziwa ikunkulo. Izihlupeki ezihlutshwa ikunkulo lemisipa e l i y e lishaye ekuhlanganeni kwamalungu, azitate lomuti ongenangozi ukukwelapa ongama Pink Pills ka Dr. Williams. kuyona bayobona ukuti emva kwaloko bayoba na mandhla ukudhla okuningi kodwa inyama abayo yidhla. Ikakulu igazi elihle leli libangwa ukulwa nokungena kwekunkulo. Imiti ayikubambi ukufa ngokwayo kodwa kwehluleka umzimba omhle. Ikunkulo lincipisa igazi. AmaPink Pills ka Dr. Williams wona ahambisa mayelana negazi aqinise nomzimba. Ngokwenza kwako okunjalo abanga ikunkulo ukuba lingabi nandhlela yokungena emzimbeni. Ngalendhlela baningi abahlutswa ilona asebesindile.

Bonke abatengisi bamelwe ukuba nama Pink Pills ka Dr. Williams uma we hluleka ukuwatola tumela 3s. 3d. ibhodhlela lilinye, 17s. eyisitupa, kwa Dr. Williams Medicine Co., Long Street Cape Town.

ISAZISO.

Wena owatumela Imali ukuba utengelwe okola ezinyangeni ezimbili ezidhlulile. Sityele igama lako nendawo yako sekulindele.

F. M. CELE.

Isilonda Esikulu Emlenzeni.

UZAM-BUK UQEDA UBUHLUNGU, FUTI UVEZA ISIKUMBA ESITSHA.

Kucish'ukuba izingozi zivela mihla kwasa lapo ku kona izingane; ngalezo zikatike kudingeka lomuti uhlal'useduze ngazo zonke izikati. UZam-Buk lowo ungumelapi weqiniso wase kaya, lokuke kubonakalá kulendaba ekulunywa uMrs. A. H. Wayers, wase Bird-Street, Beaufort West, wati eyixoxa:

"Ngalusuku lumbe, indishi inamanzi abilayo yawela pezu kwe ndodakazi yami encane, egama layo lingu Marie. Umlenze wake wangase kohlo watsha bhonyu kusukela edolweni kuze kube unyawo lonke, ngati ngiqale ngilikipa isokisi, ladimde lati yovu sonke isiku mba. Ingane yagula ngangoba ngaze ngati umlenze ungabe usalunga, ngenxa yokuba isikumba sasishile, futi sase sip nduke omnye umbala, nomlenze seuvuvuke waba ngumtwalo, iminjunju eyayilapo ayilinganiswa naluto. Umlenze wake wonke kwa simze kwa isilonda saba sikulu kwa kohlakala nokuti singe lashwa kanjani.

Kwati ngisa kohlwe isu lokwelapa lesisilonda ngasheshe ngakumbula uZam-Buk engangi naye endhlini kwami, ngawa kumbula futi amandhla ake ekwelapeni. Ngase ngiwugcoba njalo mihla yonke, kwaya ngokuba ngcono njengoba waqeda iminjunju, wakipa lonke ibundubundu lolu lo bovu obabuse silondeni. Isineke sika Zam-Buk, njengoba lapo sengibona ukuti sekuvela isikumba esitsha esitweni, kute ngisati kunjalo, ngabona umlenze ka Marie usupilile. Konke ukubonga kwami kukulu ngoZam-Buk ngomsebenzi omkuln kangaka wokuba apilisa indodakazi yami."

UZam-Buk uvikela amahora eminjunju nokungalali okukulu kunako konke uvikela imali eningi enagase iciteke ezinyangeni. Usuziveza ubukulu namandhla awo ekwelapeni izifo zesikumba, nase zilondeni zezi nkomo, ubekona kuwo wonke amazwe ese mapandhleni nase zitebeleni. Uma sesi kuluma iqiniso, uZam-Buk udume yonke iudawo ngenxa yosizo lwake, kulukuni ukuba umuntu ahlale ngapandhle kwawo. Utengiswa yibo bonke bemiti nabe zitolo ngo 1s. 6d. noma 3s. 6d. nge dosha.

Impendulo ngokudabuka.

KU MHELI WE "LANGA."

Mngane,—Epepeni lako lika Nov. 26 ngihlangene nencwadi yomnumzana wakiti uMr. Joshua Caluza, ongipikisa lapa ngiti: "Sapumapi tina?" Ngisho ngoba kungaziwa lapa saqamuka kona ukuze sibe lapa. Ngilinganisa imikuba yabantu bengakabiko abelungu nemikuba eyabe yenziwa ngabakwa Israel. Ngilinganisa ngendaba yokugqabuka kwegoda kwa Israel, mzuku kuhlubuka izizwe ezilishumi zakwa Israel, kwase kusalela ezimbili! uReoboam umzukulwana ka David. Uyababaza ke lapo uMr. Caluza, uti ngizifaniselan nomlungu. Mina ke namuhla ngicela kuye owakwetu lona ukuba angitshene ukuti kanti bangaki abantu abadabuka ohlangeni mandulo? Babe bangaki abamnyama beba ngaki futi abamhlope, na bampofu nabansundu na? Ngicela futi kuye owakwa Caluza ukuba ake angitshene ukuti, uzwe ngobani yena ukuti abakwa Israel laba babe abelungu na? Badalelwe kuyipi indawo nakulipi izwe bona abantu laba? Abadalelwanga yini, kanti, ensimini yase Eden, ezweni lase Asia na?

MAGEMA M. FUZE.

KU MHLELI WE "LANGA")

Mngane,—Ngicela ibalana epepeni lako elidumileyo nelihlaba umxwele kengiti pohlo pohlo ngomfo wezabafundisi ngalendaba yake engihlaba inhliziyo. Yeboke mhlobo wami umoya oyingwele sawutola. Kepa mzalwana kumbula ukuti uNkulunkulu ungumlilo ngani ngokuba umlilo ushisa indawo encane kushe indawo enkulu mhlaumbe nawe uyasivusa njalo mzalwana nginga sho ukuti ngiyakulinga. Akutate isibuko uzibuke kona wena nami ukuti siyafana nabo abokuqala na? Ngiya kuncenga upenye kuJakobe isahluko 4 ivesi 2. kugcine 8. lelivesi liya vumelana nemisebenzi yetu mina nawe, uti poke umoya oyingcwele singautola kanjani na awazi yini abokuqala balandela uJesu njalo na? Autate iteatamente lako upenye kwabase Roma 8—25—27. upenye kuMateu 7—6—11. Kunjaloke sihlobo musa ukumsola uMosi nganiña ngokuba weza kubona manje ausaboni usubuka kalufifi ulikolwa wena wakolwa kubani namhla ususola abafundisi bako abaku holayo wawu hlezi ekufeni ungaboni ususipula izinswela ngoba ubona ukuti wena usupumelele. Tetelela Mhleli.

Yimi,

S. N. NXUMALO.

UHLABA EMHLOLENI.

Ungade uziyekelele nezifo nje esiswini ukona umuti onamandhla iChamberlain's Colic, Cholera ne Diarahoea Remedy umuti ohlaba emhloleni upilisa masinyane. Uma wake wagulisswa ululuhlobo lokufa ungepinde uwudele. Utengiswa yibo bonke.

Imiti Yempela.

CARLTON KIDNEY and BACKACHE PILLS.

Lama Pills aveza izitelo zoku sizakala. Uma unazo lezi zimpawu lama Pills ayadingeka, izimpawu lezi:—umhlana obuhlungu, ukalo olubuhlungu, umshobingo ono mubala omubi, ukushisa kwawo umshobingo, ukushobinga kaningi, isihlabati namatshana kuwo umshobingo, noku dangeka kwawo, amakaza ezitweni, ukuvuvuka komulenze kanye namalungu onyawo nomlenze, ubutataka be nhliziyo, ubuhlunga esinyeni ne rumatizim. Lapo inhlupeko isukâ kona, kuse sibindini, eziusweni nase sinyeni. Lama Pills asebenza zona lezo zito zozitatu. Igabha 3/3, angu 6 18/-. Sihlawula iposi.

CARLTON BLOOD PURIFIER.

Lomuti nyaligeza igazi uya lilungisa. O dotela abaningi balaya izihlupeki ngokulunga kwawo lo muti. Izimpawu zegazi elimngcolile nazi:—Izinduna, izilonda, izisihla zamabala amunyama, ukubaba komuzimba, umuzimba omubi, amatumba, ubuso nofele olurabaxa, ukuqubuka, izilonda ezingavumi ukupola nokufa umbala namashashaza. Lo ukipa isihlungu egazini pokungcola konke. Igabha 5/6, angu 3 15/-. Sihlawula iposi.

VEMATA PILLS--FOR FEMALES ONLY.

Lama Pills enziwa ngu dotela wezifo za besifazane bodwa. Lomuti uqeda isilumo, ukuvaleka kwefindo, ukuba lincane kwalo noma ukubalimngi kwalo, uqeda ubuhlungu esinyeni naso kalweni ekuzileni noku lunywa. Lama Pills alungelelanisa zonke izindhlela zabe sifazane noku hamba kwezinyanga zabo. Zibumba igazi elisha emzimbeni, ngaloko ke zinibeza amandhla. Igabha 3/3, angu 18/-. Sihlawula iposi.

CARLTON NERVINE.

Lo ngumuti ofana nokudhla kubo ubucopo, kuyo imitambo nakuwo umzimba. Izitelo zawo ziya mangalisa. NERVINE ihlaziya umzimba wonke, ne nhliziyo ikutande nokudhla. Lomuti uqeda ikanda elibulala ngemitambo, ukuputelwa butongo, ukwetuka, uvalo. Usiza nesisu emsebenzeni wokugaya ngapakati. Lo muti ubalungele abesifazane. Abasanda kubeleta, nabavuka pansi ekuguleni. Uqeda ukudangala emzimbeni nase moyeni. Unikeza umqala namandhla emzimbeni wonke noku qabuka. Igabha 3/3, angu 6 18/-. Sihlawula iposi.

BHALELA KWA

CARLTON REMEDIES Co.,
P.O. Box 1717, Cape Town.

KWA MNYAMANA.

Isulumani elidumileyo ekade liku Field Street, eDurban, uMNYAMANA, esekelwe uNGOBAMAKOSI, bavule isitolo eNANDA MISSION STATION, kwa SCOTT. Bawutengile umuzi ka Scott, baquba isitolo ne Bikawosi,

Nanike niyawazi ta Masulumani kuhle nifike nibone intengo elula azonitengela ngayo nina base Nanda.

KWA

A. G. RANDEREE,

111, Field Street,
DURBAN.

Igama lami nati ngenhla, imina ese ngitabate ivinkili lakwa MNYAMANA kuyo le ndawo engenhla.

Ngi tengisa nge zinto eziningi ezitandwa abantu be silisa ne sifazane.

Futi intengo ye mpahla yami ivama ukwenelisa abaningi abafika ukutenga evinkilini lami, Izingubo za besifazane izinhlobo zonke zazo, zikona. Amaprint alukuni abantu abahlupekayo, kanye nawo kuhloba maningi, kakulu futi abiza kahle. Izingubo ezitungiweyo nazo zibiza kahle kakulu. AmaSholo namaJaz maningi.

Izingubo zabe silisa ezitungiweyo ziningi, futi zibiza kahle.

Abafuna umsiko, bayenzelwa ngokushesha June 18.

KUBABHALELI.

BAYANXUSWA ukuba kuti lapa beblalela ipepa baqapele lemiteto:—

1. **Kubhalwe** luhlangoti lunye lwepepa, kakubhalwa inhlangoti zombili. Owapula lomteto incwadi kayiyikufakwa.
2. **Kubhalwe** ngesandhla esicacambile esifundeka kahle. Ongenamandhla okubhala kahle, anxuse omunye ambhalele, kona engayi kujabhiswa ngokuba yaliwe incwadi yake.
3. **Atumele** igama lake noma etanda ukuba libonakale, nonxa engatandi ukuba libonakale kaliyikubonakala, atumele nekeli lake futi.

Bheka Lapa!!!

Sika leli pepa elingezansi ulitumele kanye nemali yalesi sikati osikokela ku

Rev. JOHN L. DUBE,
Ohlange, Phoenix, Natal.

SIKA LOKU.:

Mngane,—Yamkela £.....s.....d. nge Postal Orders kumbe izitembu.....Imali yesikati esi.....

Imina,

Igama.....

.....

.....

Tsebiso E Bogale

Mafokosela le Batho bagoe Baopelang.

MOROA DUBE LE KAOERE BAGOE BABO FITLA MONA GOUTEN KA DECEMBER 23rd,

Tsatsi le laletelang la Keresemose batla lumelisanya le batho ba Gouten koa Doornfontein koa Myuyana, baeo bina pina tse likgolo.

Ka tsatsi la Keremose gana koa Doornfontein koa Myuyana, batla simolla mo tsatsi ka nako ea boraro (3), mantsiboea, goofitlaelaba gaufe le baba kgakala go tlobanana le Mafokosela: le batho bagagoe baliopeli. Toobe gotsuioe ka 6 gobe gotsenoe ka 7 gofitlella gosasa.

Kalabo 26 retlabe rele koa Ngonyama (Robinson Deep) koa Lloyd Goba-kecne oo libini litlabang katlase gagoe.

Kalabo 27 retlaba Holedei ka mosupalogo ganke goba mosebetsi. Tshameko eoba koa Doornfontein koa Myuyana batla simolla ka nako ea bo 3 Maotseboea. Kalabo 28, libini tsa Mafosela litlabe lile koa Ebenezar Hall koa Malay Kampa batsilo phegisana le libini tsa Gouten.

Kalabo 29 la borare etlaba letsatsi la phegisano koa Ebenezar Hall.

1. Libini litsilo phegisana ka Komisi ea Selefera (silver cup) eetlaneoang ke Mofokosela. Koaere ea Ohlange etla bina empa ekeke ea fumana moputso mophegisanong.

2. Makgarebe atsilo phegisana kago bofa lithai mo majentlemaneng. Gope Makgarebe atsilo phegisana kabo le, gape babe baphegisana ka goapara.

3. Majentlemane atla phegisana ka botle leka goapara.

4. Maleli, le Majentlemane atla phegisana kago opela motho ale mong. Motsameko ua tsatsi leo etlaba oa gothaba legororisa.

5. Botle batla fenyang batla fumana meputso emegolo.

Baatloli batla adolang gore eabentsoe ke mang etlaba ba Mr. Alfre Mangena omonoe oa baemeli ba Lincoln's Inn, le Monna omokhutsoane oa Msimang, omonoe otumilea oa baemeli ba lagetate tsa England, le Mr. Cheopas Kunene omonoe oa barulaganyi ba pampiri ea "Bantu-Batho," le Mr. D. S. Letanka omonoe oa barulaganyi ba eona pampiri ena le Mr. Mabaso.

Go Yang? Gatlabe go futhumetse oa tsa Fesheni, gare ga Maleli le Majentlemane. Lege oka fosa matsatsi amanoe, empa laboraro otsoanetse gore obe leng, otlare batlalefileng eoabone kae gao kaseka oabona ka tsali leo!

Kala bone December 30th. Koaere ea Ohlange etlabe esantse e opela mo Ebenezar Hall. Mafokosela olebontsa tseling tsa iimakatso.

Kala 31st, gatlabe go letetsoe ngoaga o mofnya koa Myuyana koa Doorfontein Koaere tsotle tsa Johannesburg litla phegisana le koaere ea Ohlange ka tsatsi eo.

Kala Jan. 1st, 1916 ka ngoaga omofnya gotlabegosale motsameko koa Doornfontein kagabane gotlabe gose mosebetsi batla simolla motsameko mantsiboea ka nako ea boraro (3).

Kamarago ga 1st. batla opela batsamai a bolikologa Johannesburg, mo metseng ea Boksburg, Comet, le Binoni, le mo metseng e gaufe le West Rand. Motlabatlaboean batla eo lumelisa Johannesburg.

Mo Metsamekong eotle ea Mafokosela go tla tsenoa ka Shieleng (1/-).

Megee, ngoaga ona onale baopeli bafolimo! Ona le Malleli afolimo a kgethileeg, bao mantsoe abona atsoaneng lea linonyane, bafeta lesome, le baopeli, bameropa le litrompeta, baopela ntho entsang likeleli. Lona ba babaleng pambiri ena hokaba hantle haleka bolella baganfe le ba kgakala.

Lona ba Johannesburg bolellang botle basebetsang koo.

Lona Koaere tsa Johannesburg le bonang hantle, lona ba batlang hophegisa, litsilo kgaolana melala, oipakantse Moroa Dube ngoagengona.

Rere Keresemose bokoso rona ba opelang, reopeila sekolo sa batha barona. Babarateng tsoolo pele ea Batho babatso batla thusa.

In the matter of

The TRUSTEES of the farm Klippoort.

vs.

ESTATE CHARLES MALING.

Messrs. Collier & Forsyth duly instructed by the Registrar of the Native High Court, will sell by Public Auction at Pietermaritzburg in the Province of Natal on the 14th. day of December 1915 at 11 a.m. the following Sub Divisions of the Farm "Klippoort" which is situated about six miles from Waschbank Station, Natal.

Township Lot 26 in extent One Acre

Suburban Lot 123 in extent 36 Acres.

ALLISON & HIME,
Plaintiff's Attorneys,
21 Timber Street,
Pietermaritzburg.